“(1) intela etheliswa ngumasipala engxenyeni yendawo eklanyiwe ikhokhwa ngumnikazi waleyo ngxenye noma lowo onelungelo layo njengalokhu kubekwe esigabeni sama-25 noma sama-27 soMthetho weZindawo eziKlanyiwe.

(2) umasipala engeze afuna intela ezingxenyeni zezindawo eziklanyiweyo, noma elungelweni njengalokhu kubekwe esigabeni sama-27 soMthetho weZindawo eziKlanyiweyo ezingabhalisiwe engxenyeni yezindawo eziklanyiweyo, noma nayiphi ingxenye yaleyo ntela, yenhlangano elawula isikimu sendawo eklanyiwe, ngaphandle uma inhlangano ingumnikazi wanoma iyiphi ingxenye yendawo eklanyiwe noma engumnikazi walelo lungelo.”.

#### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-27 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

14. Isigaba sama-27 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa ngokufaka emva

kwesigatshana soku- (1) sesigatshana esilandelayo:

“(1A) Umuntu okufanele akhokhe intela kumele anikeze umasipala ikheli lakhe lokuposa.”.

#### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-30 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

15. Isigaba sama-30 soMthetho omkhulu siyachitshiyela-

(a) ngokufaka esikhundleni sesigatshana sesi- (2) sesigatshana esilandelayo:

“(2) Zonke izakhiwo ezikhokhelwa intela kumasipala kumele kwenziwe izilinganisomanani kuzo ngesikhathi kwenziwa izilinganisomanani okwejwayelekile, kuhlanganisa [**zonke**] lezo

zakhiwo [ngokugcwele noma] ezikhishelwe mbijana ngaphandle ekukhokheni izintela njengalokhu kulawula isigaba se-17 (1)(a) [, (e), (g) kanye no (h) [ **kanye no (i)**]: Ngaphandle kokuthi [ - (a)] izindawo okukhulunywengazo esigabeni sesi- 7 (2) (a) kumele kwenziwe kuzo izilinganisomanani ngenhloso kuphela yokuthi umasipala ufuna ukuzithelisa lezo zindawo.]; **nanokuthi**

**(b)UNgqongqoshe engehlisa umthwalo wokukhokha ngokuphele noma ngokungaphelele kumasipala ezibopheni zokwenza izilinganisomanani ezingafakiwe ezinteleni njengalokhu kulawula isigaba sesi- 17 (1) (e), (g) kanye no (i) uma umasipala engakhombisi ukuthi ukwenziwa kwezilinganisomanani kulezo ndawo kungaphezu kwamandla uma kubhekwa isimo sezimali kanye nokuphatha,]”; kanye**

(b) nokufaka esikhundleni sesigatshana sesi – (3) sesigatshana esilandelayo:

“(3) Zonke izakhiwo okwenziwe kuzo izilinganisomanani njengalokhu kulawula isigatshana sesi- (2) kumele zifakwe ohlwini lwezilinganisomanani: Ngaphandle uma izindawo okukhulunywa ngazo [isigatshana sesi- 2 (b) kanye nase] esigabeni sesi- 7 (2) (a) (i) no (ii) kanye nesigaba se- 17 (1) (e), (g), (i) no (j) kumele zifakwe ohlwini lwezilinganisomanani noma ngabe [noma cha] [zaze] zenzelwe izilinganisomanani noma azenzelwanga.”.

### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-32 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

16. Isigaba sama-32 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa-

(a) ngokufaka kupharagrafu (a) wesigatshana soku- (1) segama “okune” nesegama “okuyisihlanu”, kanye

(b) nokufaka kusigatshana sesi- (2) segama “okuyisihlanu” egameni “okuyisikhombisa”.

### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-34 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

17. Isigaba sama-34 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa-

(a) ngokufaka emva kwepharagrafu (a) yepharagrafu elandelayo:

**“(aA) ngokubheka isigaba sama-81 (1C), njengengxenye yenqubo yokulethwa kohlu lwezilinganisomanani okukhulunywe ngazo kupharagrafu (b) emva kokuqokwa nanokuthi kuze kulethwe/kuthunyelwe uhlu lwezilinganisomanani oluqinisekisiwe, kumele kulethwe imibiko yokusebenza yanyanga zonke kumenenja kamasipala ngokwenziwa kwezilinganisomanani zezindawo, ngokubhekisele ukuthi izilinganisomanani kuzo lezo ndawo zenziwe njengalokhu kubekwe esigabeni sama- 45 (2) (a) noma ngokwenhlanganisela yesigaba sama- 45 (2) (a) kanye no (b);”;**

### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-42 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

18. isigaba sama-42 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa-

(a) ngokufaka esikhundleni sesigatshana soku- (1) sepharagrafu (a) sepharagrafu elandelayo-

**“(a) kudingeka umnikazi, umqashi noma ohlala endaweni okufanele umlinganisimanani enze izilinganisomanani ngokwalo Mthetho, noma lowo omele umnikazi, noma**

inkampani elawula isikimu sendawo eklanyiwe noma inhlango ebambisene ebhulokhini noma inhlango yabaphathi ephathelene nesikimu sengxenye yendawo yokuphumula esetshenziswa ngokubambisana ukunika ithuba lokufinyelela kunoma iyiphi idokhyumenti noma ulwazi olusezandleni zomnikazi, umqaphi, ohlezi esakhiweni; [noma] umqaphi wendawo, inkampani esemthethweni, inkampani ebambisene ebhulokhini noma inhlango yabaphathi lapho umlinganisimananiezidinga lezi zinto ezibalwe ngenhla ngezinhloso zokwenza izilinganisomanani esakhiweni;”; kanye

(b) nokufaka esikhundleni sesigatshana soku- (1) sepharagrafu (c) yeparagrafu elandelayo:

“(c) ngokubhalwe phansi kudingeka umnikazi, umqaphi noma ohlala esakhiweni, noma oqaphe isakhiwo somnikazi, noma inkampani esemthethweni okuyiyona elawula isikimu sengxenye yendawo eklanyiwe noma inkampani ebambisene ebhulokhini noma inkampani yabaphathi ephathelene nesikimu sendawo yokuphumula esetshenziswa ngokubambisana banike umlinganisimanani ngendlela ebhalwe phansi noma ngomlomo, imininingwane emayelana nesakhiwo/indawo umlinganisimanani ayidingayo ngenhloso yokwenza izilinganisomanani esakhiweni,”.

#### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-46 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

19. Isigaba sama-46 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sepharagrafu (a) sesigatshana sesi – (2) sepharagrafu elandelayo:

“(a) Ivelu (value) yanoma iyiphi ilayisense, imvume, noma elinye ilungelo elinikezwe ngokusemthethweni elimayela nendawo, kodwa okungesilona ilungelo lokumba (lokumayina) noma imvume yokumba (yokumayina) enikezwe ngokoMthetho Wezokumba kanye nokuThuthukiswa kweZinsiza zokuSaluketshezi wezi-2002 (uMthetho ongunombolo 28 wezi-2002)”.

### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-53 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

20. Isigaba sama-53 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa

(a) ngokufaka esikhundleni sesigatshana soku- (1) sepharagrafu (a) sepharagrafu elandelayo:

“(a) isinqumo somlinganisimanani ngokulawula kwesigaba sama-51, kuhlanganisa nezizathu zaleso sinqumo, mayelana nalokho kuphikisa;”; kanye

(b) nokuchithwa kwesigatshana sesi- (2) neses- (3)

### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-54 soMthetho ongumbolo 6 wezi-2004**

21. Isigaba sama-54 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sesigatshana sesi- (2) sepharagrafu (a) sepharagrafu elandelayo”

“(a) Ophikisayo kumele afake isiphikiiso zingakapheli [ezingama-30] izinsuku ezingama-50 kusuka ngosuku isaziso esibhalwe phansi okukhulunywe ngaso esigabeni sama-53 (2) sathunyelwa kumphikisi [noma] uma umphikisi ecele izizathu ngokwesigaba sama-53 (1),

**esikhathini esiyizinsuku ezingama-21 emva kosuku izizathu ezathunyelwa ngalo kumphikisi];**

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-55 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

22. Isigaba sama-55 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa-

(a) ngokufaka esigatshaneni sesi- (2) sepharagrafu (b) sepharagrafu elandelayo:

“(b) (i) ukukhokhisa, [**okanye ukukhokhela**] umuntu okufanele akhokhe intela umehluko njengalokhu kulawula ipharagrafu (a) [**kuhlanganisa nenzuzo yentela esemthethweni.**] ngaphandle kokwengeza inzuzo emalini okumele ikhokhelwe izintela okusuke sekufanele zikhokhwe,”

(ii) ukubuyisela inkokhelo kumuntu okhokhe imali engafani nemali enqunywe ngokwepharagrafu (a) kuhlanganisa nenzuzo yentela esemthethweni.”.

(b) ukususa/ukucisha isigatshana sesi- (3).

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-56 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

23. Isigaba sama-56 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sesigatshana soku- (1) sesigatshana esilandelayo:

“(1) U-MEC wohulumeni beziNdawo kumele, ngokoshicilelo kuGazethi yesiFundazwe, asungule amabhodi amaningi okwedlulisa izikhalo ezimayelana nezilinganisomanani esifundazweni njengalokhu kuyobe kudingekile, kodwa lingabi ngaphansi kwelilodwa

esifundazweni ngasinye [umasipala wesifunda kanye noyedwa] namasipala wedolobhakazi.”.

#### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-58 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

24. Isigaba sama-58 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sesigatshana soku- (1) sepharagrafu (b) sepharagrafu elandelayo:

“(b) amalungu anolwazi olwenele noma inkulalwazi (isipiliyoni) ekulinganisweni kwamanani ezakhiwo/omhlaba akumele abe ngaphansi kwababili futhi angabi ngaphezulu kwamane, okungenani elilodwa kumele kube uchwepheshe okufundele ukwenza izilinganisomanani noma umlinganisimanani ochwepheshe ekwenzeni izilinganisomanani futhi ezingenamingcele futhi enesipiliyoni okungenani seminyaka eyishumi ebhaliswe ngokusemthethweni njengalokhu kulawula uMthetho Wezobuchwepheshe kwezeZilinganisomanani kwezeMihlaba/kwezeZindawo, wezi-2000 (uMthetho ongunombolo 47 wezi-2000).”

#### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-78 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

25. Isigaba sama-78 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004 siyachitshoyelwa-

(a) ngokufaka phakathi esigatshaneni soku- (1) emva kwepharagrafu (g) sepharagrafu elandelayo:

“(h) ivelu eyaqopheka (recorded) ngokungaqondile ngesikhathi esedlule kusomqulu wohlu lwezilinganisomanani ngenxa yesizathu sokuqopheka

(sokubhaleka) noma ukubhala komshini wokuthayipha okwaba nephutha.”;

(b) ukufaka esigatshaneni sesi- (2) samagama andulela ipharagrafu

(a) amagama alandelayo:

“ngokwezinjongo zesigatshana soku- (1) izinhlinzeko zeNgxenye yesi- (2) zeSahluko sesi- 4 kanye, neZahluko esesi-5, esesi-6 kanye nesesi-7, zifundwa nezinguquko ezidingekayo njengalokhu kuyobe kulawula ingqikithi, ziyasebenza ngaphandle-“;

(c) ngokufaka esigatshaneni sesi- (2) sepharagrafu (b) sepharagrafu elandelayo:

“(b) uhlu lwezilinganisomanani oluchitshiyelwe [umqulu uqala ukusebenza osukwini lokuqala lwenyanga olulandela ukuphothulwa kwesikhathi sokuhlolwa kwalo ngumphathi okuyisikhathi esidingekayo sokuhlolwa komqulu owuhla lwezilinganisomanani oluchitshiyelwe njengalokhu kulawula isigaba sama-49 (njengalokhu kufundwa nalesi sahluko), kanye] luyohlala lusebenza ngesikhathi somqulu wangaleso sikhathi wohlu lwezilinganisomanani zikamasipala.”;

(d) ukufakwa esigatshaneni sesi- (4) samagama andulela ipharagrafu (a) amagama alandelayo:

“Izintela (amareyithi) endaweni ethelelwa intela ezigxile ezilinganiswenimanani zaleyo ndawo ezilinganiswenimanani ezichitshiyelwe [umqulu wohlu] zikhokhwa kusukela-“;



(e) ukufaka esigatshaneni sesi- (4) sepharagrafu (a) sepharagrafu elandelayo:

“(a) usuku lokuqala lwenyanga olulandela ukukhishwa kwesaziso njengalokhu kubikwe esigatshaneni sesi- (5) kulezo ndawo okukhulunywe ngazo esigatshaneni soku- (1) (a) noma (f); “;

(f) ukufaka phakathi esigatshaneni sesi- (4) emva kwepharagrafu (a) sepharagrafu elandelayo:

“(aA) usuku lokuqala enyangu olulandela ukuchonywa kwesaziso njengalokhu kubikwe esigatshaneni sesi- (5) kulezo ndawo okukhulunywe ngazo esigatshaneni soku- 1 (e): kodwa esimeni lapho ivelu yehla endaweni njengalokhu kubekwe esigatshaneni soku- 1 (e), izintela (amareyithi) ziyokhokhwa ngosuku indawo okwenziwe kuyo izilinganisomanani ngalo okungahambanga ngendlela eqondile.”; kanye

(g) nokufaka emva kwesigatshana sesi- (4) sezigatshana ezilandelayo:

“(5) (a) umlinganisomanani kamasipala kumele uma eseqedile ukwenza izilinganisomanani ezichitshiyelwe njengaba kubekwe esigatshaneni soku- (1) (a) kuya ku- (g), nanokuthi emva kokulungiswa njengalokhu kubekwe esigatshaneni soku- 1 (h), athumele lezo zilinganiso noma uma kufanelekile, ngokuhambisa ngokwesigaba se-115 soMthetho woHulumeni baseKhaya, noma nanoma ngayiphi enye indlela yezokuxhumana nomuntu ongumnikazi wendawo obethintekile ngezilinganisomanani

ezichitshiyelwe ezibalulwe esigatshaneni soku- (1) (a) kuya ku (g) kanye nokulungiswa okubhalwe esigatshaneni soku- 1 (h), isaziso esibonisa izilinganisomanani ezichitshiyelwe noma ukulungiswa kwendawo, ngokunjalo neminingwane esohlwini esigabeni sama- 48 (2);

(b) isaziso okubhekiswe kuso kupharagrafu (a) kumele sazise umnikazi wendawo ukuthi angafaka isiphikiso kumenenja kamasipala ngokwesaziso esibhalwe phansi, zingakapheli izinsuku ezingama-21 sokuchonywa kwesaziso mayelana nanoma yiluphi udaba olusezilinganisweni samanani ezichitshiyelwe noma udaba olushiyeke ezilinganiswenimanani ezichitshiyelwe.”;

(6) umasipala, okungenani kanye ngonyaka, kumele ahlele aphinde ashicilele umqulu wohlu lwezilinganisomanani ezichitshiyelwe zazo zonke izakhiwo kuhlenganisa nezilinganisomanani ezichitshiyelwe ezibekwe esigatshaneni soku- (1) ngesikhathi izilinganisomanani ezichitshiyelwe zenziwa futhi zaziswe emphakathini futhi zitholakala ekutheni zingahlolwa ngendlela ehlinzekwe esigabeni sama- 49.”.

### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-80 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

26. Isigaba sama-80 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sesigatshana sesi- (2) sesigatshana esilandelayo”

“(2) ukungalandeli imiyalo=

(a) yesigaba se-16 (3) (aA), nesama-21, nesama-31 noma esama-32, kanye

(b) yesikhathi esiqagulwe esazisweni okukhulunywe ngaso esigabeni sesi- 4 (2) (b) (ii),

ngeke kwaxolelwa njengalokhu kulawula isigatshana soku- (1).”.

### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-81 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

27. Isigaba sama-81 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa-

(a) ngokufaka esikhundleni sesigatshana soku- (1) sesigatshana esilandelayo:

“(1) U-MEC wohulumeni bezindawo esifundazweni kumele alandelele ukuthi omasipala esifundazweni bayahambisana yini nezinhlinzeko zalo Mthetho, kuhlanganisa nokuqinisekisa ukuthi uhlu lomqulu wezilinganisomanani luyahambisana nesigaba sama-30 kanye nesama-48.”.

(b) ukufaka phakathi emva kwesigatshana soku- (1) sesigatshana esilandelayo:

“(1A) Izindlela ezisemqoka okumele ziqondise ukulandelela kukaMEC (uNgqongqoshe wesifundazwe) oqondene nohulumeni bezindawo njengalokhu kubekwe esigatshaneni soku- (1) kuhlanganisa, kodwa okungasho ukuthi kuphelele lapho, lokhu okulandelayo:

(a) noma ngabe umasipala ulugagulile usuku lwezilinganisomanani njengosuku lwezilinganisomanani eziwayelekile njengalokhu kulawula isigaba sama-31;

- (b) noma ngabe umasipala ongenawo amandla okusebenza olwawo uhlu lwezilinganisomanani ngaphakathi, kube ukuthi usikhiphile isikhangiso sokuqashwa komlinganisimanani ngoduku oluqagulwe nguNggongqoshe ngokwesaziso kuGazethi;
- (c) noma ngabe umasipala ukhethe umlinganisimanani kamasipala usuku oluqagulwe nguNggongqoshe ngesaziso kuGazethi;
- (d) noma ngabe imenenja kamasipala ithumele uhlelo lwephrojekthi njengalokhu kubekwe esigatshaneni sama-81 (1B); kanye
- (e) nanoma ngabe umlinganisimanani kamasipala uthumelile umqulu wohlu lwezilinganisomanani oqinisekisiwe kumenenja kamasipala ngosuku olunqunyiwe.

(1B) Imenenja kamasipala, ngosuku olunqunywe nguNggongqoshe ngokwesaziso kuGazethi, kumele ithumele uhlelo lwephrojekthi ku-MEC wohulumeni bezindawooluchaza-

- (a) Iminyakazo eneminingwane yezilinganisomanani zazo zonke izakhiwo endaweni engaphansi kukamasipala ekhomba ukuthi umsebenzi wezilinganisomanani uyoqala nini nanokuthi uhlelo lwezilinganisomanani luyophothulwa nini ngokunjalo nalo magxathu alandelayo:

(i) usuku lwezilinganisomanani lukawonkewonke olulandelayo kanye nosuku eziyonqunywa ngalo njengokulawula kwesigaba sama-31;

(ii) usuku umasipala ayokhangisa ngalo ukuqokwa komlinganisimanani kamasipala uma umasipala engenaye ngaphakathi kuwo okwazi ukwenza lo msebenzi;

(iii) usuku umasipala eyokhetha khona umlinganisimanani kamasipala;

(iv) usuku lapho imenenja kamasipala iyothumela khona imibiko mayelana nenqubekelaphambili njalo emva kwezinyanga ezintathu ku-MEC, imibiko eyobe igxile emibikweni yenqubekelaphambili kamasipala yanyanga zonke njengalokhu kubekwe esigabeni sama-34 (Aa), kanye

(v) nosuku oluhlongozwayo umlinganisimanani kamasipala okufanele athumele ngalo kumenenja kamasipala umqulu wohlu lwezilinganisomanani eziqinisekisiwe kube kubhekwa izinhlinzeko zesigaba sama-34 (d).

(b) Imenenja kamasipala kumele zingakapheli izinsuku eziyi-10 emva kosuku lapho isigaba nesigaba sokwenza okukhulunywe ngazo kupharagrafu (a)

kumele sezenzekile athumele umbiko ku-MEC wohulumeni bezindawo omayelana nesimo salezo zigaba zokwenza kanye nokuthi uma lezo zigaba zokwenza zingaphumelelanga, aqagule izinhlelo azibekile zokuhlenga izimo zokwehluleka ukuphumelelisa lezo zigaba zokwenza ezisohlwini lokusebenza futhi nezichibiyelo zeminyakazo eziyoba namandla okuphumelelisa okufanele kwenziwe njengalokhu lukhonjiswe esigatshaneni (1B) (a) (v).

(1C) (a) UNgqongqoshe, ngokwesaziso kuGazethi, anganquma ukuthi yibaphi omasipala okungasebenzi kubo izinhlinzeko zalesi sigaba;

(b) ukunquma okukhulunywe ngakho

kupharagrafu (a) kungehluka ngokomasipala ngokwezinhla, izinhloso, noma ngokubheka ubukhulu besabelomali noma nanganoma iyiphi indlela.

(1D) Imenenja kamasipala kumele ithumele imibiko ngokufometha kanye nangezikhathi ezithile njengalokhu kuyobe kubekwe ngokomthetho kulabo ababambe iqhaza njengalokhu kungaba kubekwe ngokomthetho ezibonakalisweni ezithile zokuphumelelisa izinhlinzeko zoMthetho.

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba sama-83 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa-**

**28. Isigaba sama-83 soMthetho omkhulu siyachitshiyelwa-**

(a) ngokufaka esigatshaneni soku- (1) emva kwepharagrafu (a) yepharagrafu elandelayo”

“(aA) Inqubo okufanele ilandelwe kanye nemibandela okumele ilandelwe ukuze kufaneleke ukukhululeka njengalokhu kubekwe esigabeni se-17 (i) (j)”;

(b) ngokufaka esikhundleni sesigatshana sesi- (3) sesigatshana esilandelayo:

“(3) Imithethomigomo ngokwesigatshana soku- (1)-

(a) ingabandlulula izinhla ezechukene zezindawo, noma izinhla ezechukene zabanikazi bezindawo, ngokungefani; noma

(b) ingehlukanisa phakathi kwezinhlobo ezechukene zomasipala, ngenhloso yalesi sahluko, ngokwezinhla noma izinhlobo noma ubukhulu besabelomali noma nanoma ngayiphi indlela.”;

(c) ngokufaka emva kwesigatshana sesi- (3) sesigatshana esilandelayo:

“(4) UNgqongqoshe, ngokwesaziso kuGazethi,

(a) angabambeza ukuqaliswa kwezinhlinzeko zomthethomgomo owenziwe ngokwesigatshana soku- (1) ngesikhathi esinqunywe esazisweni’

(b) lapha izimo zempela zikuvimbela ukusetshenziswa kesigatsha esithile esihlongozwe phantsi komthethomgomo owakhiwe ngokwesigatshana soku- (1) angakhulula umasipala kulolo hlinzeko isikhathi, nangaphansi kwaleyo mibandela, njengalokhu kunquywe esazisweni.”.

**Ukuchithwa (ukupheliswa) kwesigaba sama-88 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

29. Isigaba sama-88 soMthetho omkhulu siyachithwa.

**Ukufakwa kwesigaba sama-89A soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

30. isigaba esilandelayo siyafakwa eMthethweni omkhulu emva kwesigaba sama-89:

**“Amalungiselelo okuguqulela kwesinye isimo aphaathelene nokunqunywa kwemingcele kamasipala: ukusetshenziswa komqulu wohlu wezilinganisomanani kanye nemiqulu yezinhla zezilinganisomanani ezichitshiyelwe**

89A (1) Uma, ngenxa yemiphumela yokunqunywa komngcele komasipala ngokohulumeni bezindawo: uMthetho Wokuklanywa Kwemingcele kaMasipala, we-1998 (uMthetho ongunombolo 27 we-1998), indawo ifakwa ngaphakathi endaweni elawulwa umasipala, lowo masipala-

(a) angaqhubeka asebenzise umqulu wohlu lwezilinganisomanani kanye nomqulu wohlu lwezilinganisomanani oluchitshiyelwe owawusebenza endaweni efakwe ngaphansi kwendawo elawulwa ngumasipala lowo, kanye

(b) nokuthi angathelisa intela ezinsaweni ezikhonjeswe kulowo mqulu wohlu lwezilinganisomanani noma umqulu wohlu lwezilinganisomanani oluchitshiyelwe;



kuze kube umasipala ulungisa umqulu wohlu lwezilinganisomanani noma umqulu wohlu lwezilinganismanani oluchitshiyelwe ofaka naleyo ndawo.

(2) uma umasipala esebenzisa imiqulu yezinhla zezilinganisomanani kanye nalowo ochitshiyelwe ngokwesigatshana soku- (1), lowo masipala, nakuba kunezinhlizeko zesigaba se-19 (1) (a), anganquma izintela ezingefani ezigxile emiqulwini yezinhla eyehlukene noma kuleyo miqulu echitshiyelwe, ukuze inani lemali ngokweRandi njengalokhu lisebenza ngaleso sikhathi endaweni ekhokhwa ezakhiweni ezifanayo kungenzeka icishe ifane.”.

#### **Ukufaka esikhundleni sesigaba sama-90 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

31. Isigaba esilandela isigaba sifakwa esikhundleni sesigaba sama-90 soMthetho omkhulu:

**“Amalungiselelo okuguqulela kwesinye isimo aphilhelene nokunqunywa kwemingcele kamasipala: izinqubomigomo ezisebenzayo**

90. (1) Uma, ngenxa yemiphumela yokunqunywa komngcele komasipala ngokohulumeni bezindawo: uMthetho Wokuklanywa Kwemingcele kaMasipala, we-1998 (uMthetho ongunombolo 27 we-1998), indawo ifakwa ngaphakathi endaweni elawulwa umasipala ngesikhathi sokusebenza kwezimali zalowo nyaka, lowo masipala ngaleso sikhathi sonyaka wezimali lapgo ukufakwa kuqala khona-

(a) angaqhubeka nokusebenzisa inqubomgomo yokuthelisa leyo eyayisebenza endaweni esifakwe ngaphansi kolawulo lwalowo masipala; nanokuthi

(b) angathelisa izintela ezihambisanayo naleyo ngubomgomo yokuthelisa intela.:

**Ukuchithwa (ukucishwa) kwesigaba sama-91, kube esama-92, kanye nesama-93 soMthetho ongunombolo 6 wezi-2004**

32. Izigaba okungesama-91, kube esama-92 kanye nesama-93 soMthetho omkhulu ziyachithwa (ziyacishwa).

**Ukufakwa kwesigaba sama-93A eMthethweni ongunombolo 6 wezi-2004**

33. Isigaba esilandelayo siyafakwa eMthethweni ongunombolo 6 wezi-2004

**“Amalungiselelo okuguqulela kwesinye isimo: ingqalasizinda yezidingo zomphakathi**

93A. (1) Ukwenqatshelwa kokutheliswa kwentela kungqalasizinda yezidingo zomphakathi okukhulunywe ngakho esigabeni se-17 (1) (aA) kumele kufakwe isikhathi esiyiminyaka emithathu, kusukela ngosuku okuqal ngalo ukusebenza koMthetho WoHulumeni Bezindawo: uMthetho kaMasipala Wentela Yezindawo Ochitshiyelwe, wezi-2011.

(2) Intela ethelelwa indawo okukhulunywe ngayo esigatshaneni soku- (1) kumele-

(a) onyakeni wokuqala, okungafanele kube ngaphezulu kwamaphesenti angama-75 entela yalowo nyaka ngaphandle uma lokho kusebenza kuleyo ndawo;

(b) onyakeni wesibili, okungafanele kube ngaphezulu kwamaphesenti angama-50 entela yalowo nyaka ngaphandle uma lokho kusebenza kuleyo ndawo; kanye

(c) nanokuthi onyakeni wesithathu, okungafanele kube ngaphezulu kwamaphesenti angama-25 entela yalowo nyaka ngaphandle uma lokho kusebenza kuleyo ndawo.

### **Amalungiselelo okuguqulela kwesinye isimo**

34. Izinhlizeko zesigaba sesi-8 soMthetho wohulumeni bezindawo: uMthetho kaMasipala Wentela Yezindawo, wezi- 2004, njengalokhu uchitshiyelwe ngesigaba sesi-5 salo Mthetho, zisebenza kulabo masipala-

(a) ukuthi umthetho uqalisa ukusebenza lulu-1 kuNtulikazi (uJulayi) 2006, lulu-1 kuNtulikazi 2007, kanye nalapho lulu-1 kuNtulikazi 2008, kusukela lulu-1 kuNtulikazi 2015;

(b) ukuthi umthetho uqalisa ukusebenza lulu-1 kuNtulikazi (uJulayi) 2009, lulu-1 kuNtulikazi 2010, kanye nalapho lulu-1 kuNtulikazi 2011, kusukela ngosuku lokuqala kokusebenza komqulu wezilinganisomanani olandelayo olungiswe (ohlelwe) ngokoMthetho.

### **Isihloko Ngokufingqiwe**

35. Lo Mthetho ubizwa ngoMthetho Wohulumeni Bezindawo: uMthetho kaMasipala Wentela Yezindawo Ochitshiyelwe, wezi-2011.

**IMEMORANDAMU YEZINJOGO ZOHULUMENI BEZINDAWO:  
UMTHETHOSIVIVINYWA OCHITSHIYELWE WENTELA KAMASIPALA  
YOBUNINIMHLABA, WEZI-2011**

**1. ISENDLALELO**

Kusukela omasipala aba-4 baqala ukwenza izilinganisomanani kanye nokuklama izinhlelo zentela njengalokhu kulawula uMthetho woHulumeni Bezindawo: uMthetho Wentela kaMasipala Yobuninimhlaba "uMthetho" lulu-1 kuNtulikazi 2006 abasebenzi bakamasipala basukumile batikatikana nobuqiniso balolu hlelo basebenzisa isiqeshana somthetho esikhathini esiningi obekulokhu kukhulunywa ngaso kusukela ngosuku owaqala ngalo okungumhla zi-2 kuNtulikazi 2005 kwabuye kwancishiswa ukuze kuphunyeleliswe uhlaka lomthethomgomo lwawo kancane kancane iminyaka eyisihlanu.

Uma sibheka kabanzi esikufunde komasipala abangama-27 okuyibona baqala ukusebenzisa lo Mthetho ngonyaka wezi-2006 kanye nangowezi-2007, uMthetho wachitshiyelwa ngokwezichibiyelo zoMthetho weMithetho yoHulumeni beZindawo, wezi-2008 (owaqala ziyi-13 kuMfumfu/ku-Okthoba 2009).

Ngokwesipiliyoni (ngokwenkulalwazi) esitholakale ngabanye omasipala abengeziwe abaqalisa/abaphumelelisa uMthetho ngonyaka wezi-2008 kanye nowezi-2009 ngokulandelana kwayo, kuyacaca ukuthi lezi zifundo ezifundwe ngokulandelela ukuqaliswa/ukuphumelelisa kudale ukuthi kube nesidingo sokuthi uMthetho uphinde uchitshiyelwe ukuze ukwazi ukuphumeleliseka kahle futhi kunciphe ukuhunyushwa kwawo okungaqondile okude kuqhamuka kanye nenqubomgomo. Ngaphezu kwalokho kunokuchitshiyelwa okusemqoka okuhlongoziwe kunqubomgomo nanokuthi lokho kuchitshiyelwa okuhlongoziwe kususwe okufundiwe ngesikhathi kuqaliswa uhlaka lwemithethomigomo yoMthetho, kanye nokuqhubeka nokuxhumana nababambiqhaza abasemqoka, kuhlangukisa umuntu ngayedwana kanye nabakhokhi bentela abahlelekile, kanye nabenzi bemisebenzi

mayelana nezinselelo okuhlangatshazanwe nazo ngesikhathi kuqhutshwa umsebenzi wokuphumelelisa uMthetho eminyakeni eyedlule esigabeni sokuqala sokuphumelelisa lo Mthetho.

## **2. IZINJONGO ZOMTHETHOSIVIVINYWA**

Injongo enkulu yoMthethosivivinywa ukusombulula izinkinga okuhlangatshazanwe nazo ngesikhathi kuqaliswa uMthetho esikhathini esiyiminyaka eyisihlanu edlule kanye nokuqguqguzela ukuqalisa/ukuphumelelisa lo Mthetho ngendlela enempumelelo kanye negculisayo.

## **3. IQOQA LOMTHETHOSIVIVINYWA**

**Isigatshana somthetho soku-1** sichibiyela isendlalelo ngenhloso yokucacisa ukuthi ingeniso (imali engenayo) etholakale ngentela yobuninimhlaba, ngokuhambisana nemigomo yentela ejwayelekile, engahlangene nohlinzeko oluthile lukamasipala noma uhlinzeko lwengqalasizinda yomsebenzi othile kamasipala kodwa leyo ngeniso etholakale ingumthombo ojwayelekile wezimali ezingenayo.

**Isigatshana somthetho sesi-2** sifaka izincazelo ezehlukene iningi lazo ezethulwayo ngenxa yokwethulwa kohlaka lwezinhlobo zemihlaba ezibuyekeziwe kusigatshana somthetho sesi-8 kanye nezinye izincazelo ezehlukene ezifakwe ngenhloso yokucacisa izindaba ezehlukene eziseMthethweni okuze kube yimanje bezilokhu zivuleleke ekutheni zihumusheke ngezindlela ezehlukene okugcina sekudale izihibe ekuphumeleliseni ngendlela enempumelelo uMthetho; zonke lezi zincazelo zethulwe ngenhloso yokwenza lula uMthetho, ziwenze ukuthi usebenziseke kalula, nanokunciphisa ukhumusheka komthetho kanye nenqubomgomo ngendlela engaqondile.

**Isigatshana somthetho sesi-3** sihlinzeka ngokuchibiyela okunohlelo olulandelayo esigabeni sesi-3 soMthetho kwehle kusuka ekuchitshiyelweni kuya esigabeni sesi-8 kanye nokuhlinzeka ukuthi inqubomgomo yezintela kumele inqume izindlela zokuthi

kungabi ukwenyuswa kwezintela nje kuphela kodwa kubhekkelwe futhi nokwehliswa kwazo. Lesi sigatshana somthetho siphinde sihlizwe nangezindaba umasipala okufanele azibheke uma akha izindlela zokuxolela, imalimbuyiselo kanye nokunciphisa ngasohlangothini lwezindawo zezolimo zincishiswa kusuka kokune kuya kokubili ngenxa yokuthi okubili sekuvese sekubhekkelwe "ebukhulwini bezilinganiso" phakathi kwezindawo zokuhlala kanye nezokulima ezamanyezelwa ngokwesigaba se-19 futhi saqala ukusebenza lulu-1 kuNtulikazi 2009. Isigatshana somthetho ekugcineni sihlizwe ngokuthi umnikelo wezolimo kunhlalakahle yomphakathi kanye neyezomnotho wamanye amalungu omphakathi aziswe ngaphezu komnikelo wawo kunhlalakahle yabasebenzi basemapulazini.

**Isigatshana somthetho sesi-4** sichibiyela isigaba sesi-7 (2) (a) (iii) soMthetho ngenhloso yokuhlizwe ngokuthi izindawo lapho kunelungelo lokuhlala khona uyasebenza nanokuthi lapho kungekho ezohwebo eziqhubekayo khona nanokuthi umasipala engenazo izinhloso zokuthelisa intela kuzo, lapho singekho isidingo segunya esibekwe kumasipala sokwenza izilinganisomanani kulezo zindawo.

**Isigatshana somthetho sesi-5** sichibiyela isigaba sesi-8 soMthetho ngenhloso yokwenza umkhawuko ngokwezinhlobo zezindawo okufanele zisetshenziswe kanye nezizwe imvume yokusetshenziswa kuphela. Ngaphezu kwalokho uhlu lwezinhlobo zezindawo okumele, lapho kunokwenzeka khona, zinqunywe/ziklanywe manje sezihlelwe esigatshaneni sesi- (3). Ukuqinisekisa ukuthi lesi sigaba sisebenza ngempumelelo zonke izinhlobo ezehlukene zezindawo manje sezichazwe esigabeni soku- (1) soMthetho.

**Isigatshana somthetho sesi-6** sihlizwe ngokuchitshiyelwa okulandelanayo kwesigaba sesi- 9 (1) (c) kusukela ekuchibiyeleni kuya esigabeni sesi- 8.

**Isigatshana somthetho sesi-7** sichibiyela isigaba se-11 ngenhloso yokuhlizwe ngokuthi inani lentela elimile elifanayo lingatheliswa kuphela ezindaweni zokuhlala.

**Isigatshana somthetho sesi-8** sichibiyela isigaba se-15 ngenhloso yokuhlinzekela ngezindlela ezithe xaxa lapho umasipala enganika ilungelo lokungakhokhi, lokuhleshuliwe emalini noma kuzaphulelo. Isigatshana somthetho siphinde sisuse isibopho kumasipala njalo ngonyaka ezibonisa ingeniso (imali engenayo) eshiyiwe emayelana ngokukhishelwa ngaphandle njengalokhu kubekwe ezigatshaneni ezehlukene zesigaba se-17.

**Isigatshana somthetho sesi-9** sichibiyela isigaba se-16 soMthetho ngenhloso yokuhlinzeka ngokuthi umkhawuko wentela ohlotsheni oluthile lwendawo owenziwe nguNgqongqoshe kumele anqume ngokubambisana noNgqongqoshe wezeZimali nanokuthi ingxenye yomnotho kumele ixhumane no-MEC oqondene nohulumeni bezindawo ngaphambi kokucela uNgqongqoshe ukuba ahlolisise ubufakazi bokuthi intela ohlotsheni lwendawo noma intela ohlotsheni oluthile lwendawo engaphezulu kwenani ngokweRandi iyalimaza yini ngokungenasidingo kunoma yiluphi udaba olusohlwini olusesigabeni se-16 (1). Isigatshana somthetho ngaphezu kwalokho senza umkhawuko (limit) esikhathini okumele kuthunyelwe ngaso lesi siculo kuNgqongqoshe okuyisikhathi esiphakathi kwezinyanga eziyi-12 kusukela osukwini okufakwe ngalo intela ezosebenza.

**Isigatshana somthetho se-10** sichibiyela isigaba se-17 soMthetho ngenhloso yokuhlinzekela-

- Ukungafakwa ohlelweni lwentela kwezinhlobo ezithile zengqalasizinda yezinsiza zomphakathi;
- Ukungafakwa ohlelweni lwentela kwamalungelo okumba (okumayina) noma izimvume zokumba, kungahlanganisi ingqalasizinda engaphezu komhlabathi uma kubhekiswe endaweni yokumba;
- Ukungafakwa ohlelweni lwentela umhlaba okungowomzuzi wefa lomhlaba owenziwe kabusha noma indalifa yakhe ifaka phakathi nabazuzi efeni noma

- okuganenze naye, kanye nokuthi lokhu kungafakwa kuphela eminyakeni eyishumi kusukela ngosuku lapho itayitela lomzuzi labhalwa ngokusemthethweni noma lapho kwehlukani indawo/umhlaba/impahla;
- Ukungafakwa ohlelweni lokuthelisa indawo/umhlaba/impahla, imali ekhokhwa ngaleso sikhathi engedluli enanini njengalokhu linqunywe nguNgqongqoshe ngokubambisana noNgqongqoshe wezeZimali, okungeyomnikazi othola isibonelo sobudala sikhulumeni noma abathola isibonelelo sabanokukhubazeka. Izichibiyelo ezilandelayo zenziwe kwezinye izigatshana zesigaba se-17 ukuze zihambisane nezichibiyelo ezenziwe lapha; kanye
- Nokungafakwa ohlelweni lwentela ekupheleni kosebe uma noma iyiphi ingxenye yehlukanisiwe;
- Nakuba kunjalo izinhlinzeko zesigaba sama-78, uma indawo/umhlaba lapho ukubekwa kwayo ngokusemthethweni kuqedwa, kumele kuwele kulowo masipala wanoma iyiphi intela, obekungesiyona eyesigatshana soku- (1) (e) okwakufanele ngabe ikhokhwe endaweni/empahleni ngesikhathi siqala ngosuku lokuqala lwalo hlu lwezilinganisomanani zangaleso sikhathi sikamasipala;
- Nokuthi nakuba kunjalo izinhlinzeko zesigaba sama-78, uma ukungafakwa ohlelweni lwentela yendawo/umhlaba olusetshenziselwa indawo yokuhlala kuphela, sokuthi umphakathi ongamakholwa owengamele indawo kufanele ubhekane nalowo masipala nganoma iyiphi intela ebingafakiwe ohlelweni oluhlinzekwe esigabeni se-17, yayingabe ikhokhelwe indawo/umhlaba, esikhathini esingangonyaka owodwa owandulela usuku lokungafakwa.

**Isigatshana somthetho se-11** sichibiyela isigaba se-19 soMthetho ngenhloso yokuhlinzeka ngokuthi umasipala angathelisa izintela ezehlukene ezindaweni



zokuhlala uma lezo ndawo zingahlali muntu, futhi zingenanhloso yokusetshenziselwa utho oluthile noma zingasetshenziselwa inhloso egunyaziwe.

**Isigatshana somthetho se-12** sichibiyela isigaba sama-20 soMthetho ngenhloso yokugunyaza uNgqongqoshe ngokubambisana noNgqongqoshe wezeZimali ukuba amise imikhawuko eyehlukene ezinhlotsheni ezehlukene zomasipala njengalokhu kunganqunywa futhi kungabanjezelwa ukuwuqalisa umkhawuko njengalokhu kubekwe kuleso sigaba isikhathi esinqunywe ngaphambili.

**Isigatshana somthetho se-13** sichibiyela isigaba sama-25 soMthetho ngenhloso yokuhlinzeka ngokuthi umnikazi wezindawo ezisetshenziswa ngokwehlukile esikimini sezingxenye yendawo eklanyiweyo (*sectional title scheme*) kufanele akhokhe intela ngaphandle kokubheka ukuthi lo mnikazi yinhlangano emisiwe (*body corporate*) noma ngumnikazi wengxenye yesikimu sengxenye yendawo eklanyiweyo (*sectional title scheme*).

**Isigatshana somthetho se-14** sichibiyela isigaba sama-27 soMthetho ngenhloso yokuhlinzekela ukuthi umuntu okulindeleke ukuba akhokhe intela kumele anikeze umasipala imininingwane yakhe yekheli lokuposa.

**Isigatshana somthetho se-15** sichibiyela isigaba sama-30 soMthetho ngenhloso yokuhlinzekela ngokuthi izindawo ezingafakiwe ngokugcwele ohlelweni lokukhokha izintela akumele kwenziwe kuzo izilinganisomanani. Ngaphezu kwalokho, isigatshana somthetho sihlinzekela ngokuthi izindawo ezithile ezingafakiwe ngaphansi kohlelo lwentela kumele zifakwe kusomqulu wohlu lwezilinganisomanani kungakhathaleki noma zazenziwe kuzo izilinganisomanani noma cha.

**Isigatshana somthetho se-16** sichibiyela isigaba sama-32 soMthetho ngenhloso yokuhlinzekela ukuqinisekisa ukusebenza komqulu wohlu lwezilinganisomanani kusukela eminyakeni emine kuya kweyisihlanu kanye nokuhlinzekela ngokuthi u-MEC kahulumeni wezindawo anganweba lesi siqinisekiso sokusebenza kuze kufinyelele eminyakeni eyisikhombisa.

**Isigatshana somthetho se-17** sichibiyela isigaba sama-34 soMthetho ngenhloso yokwenza kube isidingo (umyalelo) ukuthi umlinganisimanani kamasipala athumele umbiko wokusebenza njalo ngenyanga kumenenja kamasipala, okuwumbiko wezilinganisomanani zezindawo.

**Isigatshana somthetho se-18** sichibiyela isigaba sama-42 soMthetho ngenhloso yokugunyaza ukuthi inhlango emisiwe noma inhlango ephethe elawula isikimu sendawo eklanyiwe kanye nenkampani ebambisene yebhulokhi ngokulandelana kumele banike umlinganisimanani ilungelo lokuthola imiqulu (amadokhyumenti) noma ulwazi oludingwa ngumlinganisimanani ngenhloso yokwenza izilinganiso endaweni.

**Isigatshana somthetho se-19** sichibiyela isigaba sama-46 soMthetho ngenhloso yokuhlinzekela ukuthi ilungelo lokumba (lokumayina) noma imvume yokumba ingacutshungulwa ngezinhloso zokwenza izilinganisomanani endaweni.

**Isigatshana somthetho sama-20** sichibiyela isigaba sama-53 soMthetho ngenhloso yesidingo sokuthi umlinganisimanani kamasipala azise umphikisi (umuntu ofaka isiphikiso) ngesinqumo somlinganisimanani kanye nezizathu zaleso sinqumo kanye nokuchitha isidingo somnikazi wendawo sokucela lezo zizathu ngendlela ebhalwe phansi nangokukhokha imali ethile.

**Isigatshana somthetho sama-21** sichibiyela isigaba sama-53 soMthetho ngenhloso yokunweba isikhathi sokufaka isikhalo sokuphikisa phakathi kwezinsuku ezingama-30 kuya kwezingama-50 kanye nokuqalisa isichibiyelo sokulandelela esigabeni sama-54 ngenxa yesichibiyelo sesigaba sama-53.

**Isigatshana somthetho sama-22** sichibiyela isigaba sama-55 ngenhloso yokususa isidingo sokukhokhwa kwenzuzo (interest) ngumnikazi wendawo ethinteki ngenxa yokwenyuka kwezilinganisomanani ezindaweni zabo kanye nokuhlinzekela umasipala ngokuthi aphinde akhokhele umnikazi wendawo inzuzo lapho kube nokwehla khona kwezilinganisomanani endaweni.

**Isigatshana somthetho sama-23** sichibiyela isigaba sama-56 ngenhloso yokususa isidingo segunya (*mandatory requirement*) lokusungula ibhodi okwedluliselwa kulo izikhalo ngezilinganisomanani kubo bonke omasipala bezindawo.

**Isigatshana somthetho sama-24** sichibiyela isigaba sama-58 ngenhloso yokuhlinzekela ngokuthi ubulungu bebhodi okwedluliselwa kulo izikhalo bungafaki phakathi inhlango yochwepheshe kwezokulinganiswa kwamanani engenamikhawuko futhi enenkulalwazi (isipiliyoni) yeminyaka eyishumi.

**Isigatshana somthetho sama-25** sichibiyela isigaba sama-78 ngenhloso yokunweba (ukukhulisa) izimo lapho izilinganisomanani ezichitshiyelwe kumele zenziwe zikwazi ukufaka indawo lapho izilinganisomanani zazingarekhodekile ngendlela kusomqulu wezilinganisomanani ngenxa yephutha lehhovisi noma lokubhala komshini okunamaphutha; ukuchibiyela izinsuku okuqalwe ngazo ukuchibiyela izilinganisomanani kanye nezinsuku izintela ezindaweni ezikhokhwa ngazo, okuyizindawo ezithintekayo kuzilinganisomanani ezichitshiyelwe. Ngaphezu kwalokho isigatshana somthetho sihlinzekela ngokwazisa abanikazi bezindawo ezithintekayo ezilinganiswenimanani ezichitshiyelwe.

**Isigatshana somthetho sama-26** sichibiyela isigaba sama-80 ngenhloso yokunweba (yokukhulisa) izinhlinzeko, ukungahambisani nomyalelo futhi okungeke kwaxolelwa.

**Isigatshana somthetho sama-27** sichibiyela isigaba sama-81 ngenhloso yokuhlomisa u-MEC wohulumeni bezindawo ngokuthi alandelele (*monitor*) ngendlela enempumelelo kakhulu omasipala ekuphumeleliseni uMthetho kanye nokuthi ikakhulukazi nasenqubeni yokuhlanganisa (*compilation*) umqulu wohlu lwezilinganisomanani kanye nokuqinisekisa izindlela zokuhambisana nezinhlinzeko zoMthetho zemiyalelo yokulandelela.

**Isigatshana somthetho sama-28** sichibiyela isigaba sama-83 ngenhloso yokuhlinzekela ngezindlela ezehlukene zokuphumelelisa uhlaka lomthethomgomo woMthetho kanye nokuhlinzekela ngokufakwa kohlaka lomthethomgomo woMthetho lapho kudingeka khona kanye nalapho kunokuxegiswa khona

kwezinhlinzeko ezithile zemithethomigomo kunoma yimuphi umasipala ngaphansi kwesisekelo esifanele semibandela njengalokhu kungabe kunqunywe.

**Isigatshana somthetho sama-29** sichitha isigaba sama-88 njengalokhu singenanhloso kulokhu.

**Isigatshana somthetho sama-30** sifaka isigaba esisha okungesama- 89A, ukuhlinzekela ngamalungiselelo okuguqulela kwesinye isimo mayelana nokusetshenziswa kosomqulu bezilinganisomanani kanye nosomqulu bezilinganisomanani ezichitshiyelwe ezimeni lapho kunokuklanywa khona kabusha komngcele kamasipala.

**Isigatshana somthetho sama-31** sifakwa esikhundleni sesigaba sama-90 ngenhloso yokuhlinzeka ngamalungiselelo okuguqulela kwesinye isimo mayelana nokusetshenziswa kwezinqubomgomo zentela ezisebenza ezimeni lapho kunokuklanywa khona kabusha komngcele kamasipala.

**Isigatshana somthetho sama-32** sichitha izigaba ezilandelayo, okuyisigaba sama-91, kube esama-92 kanye nesama-93 njengalokhu lezi zigaba zingasenzinhloso.

**Isigatshana somthetho sama-33** sifaka isigaba esisha sama-89A esihlinzekela ngokufakwa kokwenqabela ukuthelisa intela ezinhlobeni ezithile zengqalasizinda yezinsisa zomphakathi.

**Isigatshana somthetho sama-34** sihlizekela ngokuthi izinhlinzeko zesigaba sesi-8, njengalokhu sichitshiyelwe yilo Mthetho, uqala ukusebenza ngezinsuku ezehlukene ngokomasipala abehlukene lokhu okuncike osukwini umasipala aqalise ngalo ukuphumelelisa lo Mthetho okokuqala.

**Isigatshana somthetho sama-35** siqukethe isihloko esifinqiwe.

### **3. IZINHLAKA OKUXHUNYANWE NAZO**

Lezi zinhloko ezilandelayo kuxhunyanwe nazo:

- UMgcinimafa kaZwelonke;

- INhlangano YaseNingizimu Afrika yoHulumeni BeziNdawo;
- iKhomishana Yesikhwama seZimali zikaHulumeni;
- Indlu yaBabhekele izimali zikaMasipala;
- ISigungu soNgqongqoshe beZifundazwe zeMinyango eyehlukehlukene (IMinMEC) kwezokuBuswa ngokubambisana kanye neZindawo zoMdabu;
- Izimbizo zokuzwa uvo lomphakathi zabanjwa kuzo zonke izifundazwe eziyisishiyagalolunye lapho abakhokhintela, ababambiqhaza kanye namalungu ajwayelekile omphakathi babamba iqhaza kulo mshikashika;
- Umbimbi kwezokusebenza ngokubambisana kanye nokuphatha (FOSAD)

#### **4. IZIMALI EZINGASE ZIDINGEKE KUMBUSO**

Akukho okufanekiswayo.

#### **5. IZIMALI EZINGASE ZIDINGEKE EZIFUNDAZWENI**

Izimali ziyadingeka kangokuthi leyo minyango yezifundazwe okuyiyona ebhekele uhulumeni wezindawo kuyodingeka ikhulise izakhiwo zayo ngendlela ezovumela ukuthi u-MEC wohulumeni bezindawo esifundazweni akwazi ukulandelela ngqo ukuqaliswa koMthetho komasipala ngokubheka izinhlinzeko (*provisions*) ezineminingwane yokulandelela njangalokhu kubekwe esigabeni se-18 kanye nalezo ikakhulukazi ezixhumekeke lapho. Kumele kugcizelelwe ukuthi nakuba kukhona ukuchitshiyelwa okuhlongoziwe koMthetho, iminyango yezifundazwe ebhekele ohulumeni bezindawo kufanele babe nezakhiwo ezifanele uma befuna ukuphumelelisa ukulandelela kanye nokwesekela ngokomthethosisekelo.

#### **6. IZIMALI EZINGASE ZIDINGEKE NGASOHLANGOTHINI LOMASIPALA**

Kusobala ukuthi isidingo sezinhlinzeko zezimali kulezo ngqalazizinda zezinsiza zomphakathi yizona zinhlinzeko ezisemqoka eziyodinga imali, ikakhulukazi labo masipala njengamanje abathelisa intela kungqalazizinda yezinsiza zomphakathi (PSI). Komasipala abangama-257 abanamandla okuthelisa intela yezindawo/yobuninimhlaba abangama-71 kubo abakwazi ukuhlangabezana

nomklamo obubekelwe ukuthelisa intela yengqalasizinda yezinsiza zomphakathi (PSI) eminyakeni yezimali okungowezi-2009/2010 kanye nowezi-2010/2011 kanye nokuthi izimali eziyizihlawumbiselo (*estimates*) ingafakiwe ingqalasizinda yezinsiza zomphakathi ekukhokheni intela zazilinganiselwa ezigidini ezingama-R73, 993, 000, okuthi akube ngamaphesenti ayi- 0,43 (0,43%) ezimali zentela sezizonke okulinganiselwa ekuthini ziyangena.

## 7. INQUBO YEPHALAMENDE

Abeluleki bezoMthetho Bombuso kanye noMnyango wezokuBusa NgokuBambisana banombono wokuthi uMthethosivivinywa ochitshiyelwayo kumele kuxoxwe ngawo ngokwenqubo ebekwe ngokusemthethweni esigabeni sama-75 soMthethosisekelo. UMthethosivivinywa awuweli ngaphansi kwezindawo zokusebenza njengalokhu zibalulwe kuSheduli yesi-4 yoMthethosisekelo, kanti futhi awuhlinzeki uMthetho oboniswe ezigabeni okukhulunywe ngazo esigabeni sama-76 (3) soMthethosisekelo.

Abeluleki BezoMthetho Bombuso banombono wokuthi kuyobaluleka ukwedlulisela lo Mthethosivivinywa eNdlini yobuHoli boMdabu kaZwelonke njengalokhu kulawula isigaba se-18 (1) soHlaka loMthetho WobuHoli boMdabu, wezi-2003 (okunguMthetho ongunombolo 41 wezi-2003) ngoba noma ungaqukethe izinhlinzeko eziphathelele ngqo nemithetho yomdabu noma imithetho yomdabu yabaholi bomdabu inawo ngandlela thize umthelela ezindaweni eziphathelele nomhlaba wokuhlala uma kubhekwa ukuqashwa kwezindawo ezithile lapho kusebenza khona ilungelo lokuhlala endaweni.